



**IBandla labaFundisi laseNingizimu Afrika**

**IManyule yokuThuthukisa ukuFinyelela uLwazi**

## Okuqukethwe

<b>1</b>	<b>Isingeniso</b>	<b>3</b>
<b>2</b>	<b>Imisebenzi ye-SACE</b>	<b>3</b>
<b>3</b>	<b>Isakhiwo se-SACE</b>	<b>5</b>
<b>4</b>	<b>I-Ofisa yoLwazi</b>	<b>7</b>
<b>5</b>	<b>Inkomba yenkomishani yamaLungelo esiNtu yokuthi ungawusebenzisa kanjani lo mThetho</b>	<b>7</b>
<b>6</b>	<b>AmaRekhodi e- SACE</b>	<b>7</b>
<b>7</b>	<b>IziNqubo zokuCela</b>	<b>9</b>
<b>8</b>	<b>Isigaba- 15(2) isaziso sezinhlobo zamarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo</b>	<b>9</b>
<b>9</b>	<b>Izinsizakalo ezikhona kumalungu omphakathi</b>	<b>9</b>
<b>Uhlelo- 1</b>		<b>11</b>
<b>Uhlelo- 2</b>		<b>17</b>

## 1 Isingeniso

- 1.1 Le manyule yakhiwe yiBandla laseNingizimu Afrika labaFundisi (i-SACE) ngokulandela isiGaba se-14 somThetho wokuThuthukisa ukuFinyelela uLwazi weNombolo-2 we-2000 (umThetho).
- 1.2 I-SACE ibandla lomphakathi njengoba lichazwe ngumThetho futhi libuswa yimibandela yomThetho weNombolo- 31 we-2000 weBandla labaFundisi laseNingizimu Afrika (UmThetho we-SACE ). I-SACE ibandla lezingcweti lomthetho labafundisi. Izinhloso zalo uku:
  - 1.2.1 nkeza ukubhaliswa kwabafundisi;
  - 1.2.2 khuphula ukuthuthukiswa kobungcweti kwabafundisi; kanye
  - 1.2.3 nokubeka, ukugcina nokuvikela amazinga abafundisi okuziphatha ngendlela elunglelo nobungcweti.

## 2 Imisebenzi ye-SACE

Amandla okwenza kanye nemisebenzi ye-SACE yilena:

- 2.1 Ephathelene nokubhaliswa kwabafundisi:
  - 2.1.1 Ukuthola izici ezincane kanye nezinquo zokubhalisa noma ukubhalisa okwesikhashana;
  - 2.1.2 Ukubhekela nokuthatha isinqumo esicelweni sokuzibhalisa noma yisiphi noma ukubhalisa okwesikhashana;
  - 2.1.3 Ukugcina iregista yamagama abo bonke abantu ababhalisiwe noma ababhaliswe okwesikhashana;
  - 2.1.4 Ukuthola uhlolo nokuqukethwe kumaregista kanye nezitifiketi okumele zigcinwe, zinakekelwe noma zinikezwe ngokulandela umThetho we-SACE, isikhathi esingaphakathi okumele kubukezwe ngaso kanye nokuthi indlela nezinguuko eziphathelene naso zingensiwa kanjani; kanye
  - 2.1.5 Nokubekela isikhathi sokuba nesiqiniseko sokubhaliswa noma ukubhaliswa okwesikhashana;
- 2.2 Mayelana nokukhushulwa nokuthuthukisa kobungcweti bemfundo nokuqequesha:


- 2.2.1 Ukukhuphula, nokuthuthukisa nokugcina isithunzi sobungcweti;
  - 2.2.2 Ukweluleka uNgqongqoshe wezemFund o ngezindaba eziphathelene nemfundo nokuqequesha kwabafundisi, okufaka kodwa kunganqunyelwe ku:
    - 2.2.2.1. zidingo ezincanyana zokungena kuwo wonke amazinga obungcweti;
    - 2.2.2.2. mazinga ezinhlelo zezinsiza zangaphambi komsebenzi kanye nezangaphakathi lomsebenzi zokufundisa abafundi;
    - 2.2.2.3. izidingo zokuthuthukisa uhlelo Iwangaphakathi kwezfundo;
    - 2.2.2.4. ubungcweti babafundisi;
  - 2.2.3 ukucwaninga nokuthuthukisa inqubomgom o yokuthuthukisa izingcweti;
  - 2.2.4 ukuthuthukisa ukuqequesha kwasemsebenzini kwabo bonke abafundisi;
  - 2.2.5 ukuthuthukisa imithombo yokwenza ukuqalisa nokuhambisa, ngokuhambisana nabaqashi, izinhlelo zokuqequesha, amashabhu, amasemina kanye nezifundo ezimfushane ezihlelwe ukukhulisa ubungcweti;
  - 2.2.6 ukwakha , ukuphrinta nokusakaza ijenali yobungcweti kanye neminye imibhalo yokushicilelw a;
  - 2.2.7 ukumisa amasu ezingcweti okusiza abafundisi;
- 2.3 ngokuhambelana nokuziphatha ngemfanelo kwezingcweti:
- 2.3.1 ukwakha, ukugcina nokubukeza njalo nje ikhodi yokuziphatha ngemfanelo kwezingcweti zabafundisi ababhalisiwe noma ababhaliswe okwesikhashana ne-SACE;
  - 2.3.2 ukuthola inqubo efanele yokulalela icala;

- 2.3.3 ukujezisa abafundisi abangalandeli ikhodi yobungcweti yendlela yokuziphatha;
- 2.4 ngokupathelene nezinkokhelo:
- 2.4.1 ngokubonisana noNgqongqoshe, ukuthola izinkokhelo ezikhokhwa ku-SACE ngabafundisi ababhalisile kanye nabafaka izicelo zokubhalisa;
  - 2.4.2 ukufuna kubaqashi abafanelekile ukuthi badonse izinkokhelo kumaholo abafundisi bazikhokhe ku-SACE;
  - 2.4.3 emva kokulalela icala okungabandlululi, bajezise abafundisi abehlulekayo ukukhokha izinkokhelo ezbekwe yi-SACE;:
- 2.5 ukwenza jikelele:
- 2.5.1 ukweluleka uNgqongqoshe nganoma yisiphi isibonakalo semfundo uNgqongqoshe angacela ukwelulekwa ngaso;
  - 2.5.2 ukuqasha abasebenzi nokubeka izimo zabo zokusebenza;
  - 2.5.3 ukumisa amakomiti kanye nokuwanikeza imisebenzi;
  - 2.5.4 ukwenza noma yimuphi umsebenzi odingekayo ukuze i-SACE isebeenze ngemfanelo; kanye
  - 2.5.5 nokweluleka uNgqongqoshe nganoma yisiphi isibonakalo esifanele semfundo.

### 3 Isakhiwo se-SACE

- 3.1 I-SACE iqukethe amalungu aqashwe nguNgqongqoshe wezemFundu ngokubheka ngokufanele ukumelwa okuhambisana nobuhlanga, ubulili, ukukhubazeka kanye nokwahlukana ngendawo yezwe yokuhlala. Ukubhekela loku uNgqongqoshe wezemFundu uqashe:
- 3.1.1 UmGcinisihlalo;
  - 3.1.2 Abafundisi abayi-18 (ishumi nesishiyagalombili) abakhethwe izingcweti zokufundisa ezhleliwe;
  - 3.1.3 Abantu aba-5 (abahlanu) abakhethwe ngumNyango wezemFundu;

- 3.1.4 Abantu aba-2 (ababili) abakhethwe izinhlangano zikazwelonke ezimele amabandla okuphatha izikole;
  - 3.1.5 Umuntu o-1 (oyedwa) okhethwe yiBandla IemFundo ePhakeme;
  - 3.1.6 Umuntu o-1 (oyedwa) okhethwe amabandla ezikhungo zemfundo eqhubekayo nokuqeQeshwa;
  - 3.1.7 Umuntu o-1 (oyedwa) okhethwe ngamabandla kazwelonke amele izikhungo ezizimele; kanye
  - 3.1.8 NomPhathi omKhulu wesiGungu.
- 3.2 UmThetho we-SACE unikezelela :
- 3.2.1 Ikomiti yesiGungu;
  - 3.2.2 Ikomiti eBhalisayo;
  - 3.2.3 Ikomiti yokuThuthukisa iziNgcweti; kanye
  - 3.2.4 NeKomiti yokuLungisa iziGwegwe.
- 3.3 Ukwengeza, i-SACE inikezwa amandla okumisa noma yiliphi elinye ikomiti ukusiza ekwenzeni imisebenzi yalo kanye nokwenyula abantu ukuba bangenele imihlangano yekomiti okwesekwa ngobuhlakani abanabo.
- 3.4 Isifanekiso somdwebo sesakhiwo se-SACE sibekiwe ngezansi:



#### 4 I-Ofisa yoLwazi

4.1 I-Ofisa yoLwazi ye-SACE ngu:

**Mnu Rej Brijraj  
I-Ofisa eNkulu yesiGungu  
Ibandla labaFundisi laseNingizimu Afrika.**

4.2 Imininingwane yakhe yokuxhumana yilena:

**Ikheli lePosi:** Private Bag X127, Centurion, 0046

**Ikheli lesiTiladi:** 261 West Street, Centurion, 0046

**Inombolo yocingo:** (012) 663-9517 / 663 0406

**Inombolo yocingo eyisikhahlamezi:** (012) 663-9238 / 663 3331

**Ikheli le-e-meyili:** info@sace.org.za

#### 5 Inkomba yeNkomishani yamaLungelo esiNtu yokuthi ungawusebenzisa kanjani lo mThetho

5.1 IsiGaba se-10 somThetho sidinga iNkomishani yamaLungelo esiNtu ukuba yakhe ngazo zonke izilimi ezisemthethweni inkomba equkethe ulwazi olunje , ngendlela elula ewuhlobo oluqondakalayo, njengoba ingafunwa ngumuntu ofisa ukusebenzisa amalungelo akhe njengoba acatshangwe emThethweni. Inkomba kumele inikezwe iNkomishani yamalungelo esiNtu okungenani ngomhlaka- 31 Agasti- 2003. Imininingwane yayo yokuxhumana yilena:

**INkomishani yamaLungelo esiNtu  
Iyuniti ye-PAIA  
UmNyango woCwaningo nemibhalo  
Private Bag 2700  
Houghton, 2041**

**Inombolo yoCingo:** (011) 484-8300

**Inombolo yocingo oluyifeksi:** (011) 484-0582

**Ikheli le-e-meyili:** paia@sahrc.org.za

**Ikheli leWebhusayidi:** www.sahrc.org.za

#### 6 AmaRekhodi e-SACE

I-SACE inezinhlobo zamarekhodi nezehlakalo eziphathelene nokulandelayo:

**6.1 Amarekhodi okusebenza – afaka:**

- 6.1.1 Amaminiti e-SACE kanye namakomiti ayo;
- 6.1.2 Ukuxhumana phakathi kwe-SACE kanye nabahlanganyeli;
- 6.1.3 Izinqubomgomu zokusebenza;
- 6.1.4 Izindabambiko zangaphakathi;
- 6.1.5 Amakontileka phakathi kwe-SACE kanye nabahlanganyeli;

**6.2 Amarekhodi abasebenzi – afaka:**

- 6.2.1 Amakontileka okuqashwa;
- 6.2.2 Izinqubomgomu zokuphatha imithombo yabasebenzi;
- 6.2.3 Amafayili abasebenzi;

**6.3 Amarekhodi omThetho:**

- 6.3.1 Wonke amarekhodi okumele agcinwe yi-SACE ngokudingwa ngumthetho;

**6.4 Amarekhodi eZimali – afaka:**

- 6.4.1 Izincwadi zama-akhawunti;
- 6.4.2 Izitativende zezimali;
- 6.4.3 Izitativende zezimali ezicwaningiwe;

**6.5 Imibhalo esemthethweni – efaka:**

- 6.5.1 Izincwajana zokuchasisisa, amamanyule kanye nezinye izinto zokwazisa;
- 6.5.2 Imibiko yonyaka ngonyaka njengoba icatshangwe kusigaba sa-20 somThetho we-SACE;
- 6.5.3 Izici nezinquo zokubhalisa;

- 6.5.4 Iregista ewubungcweti yabafundisi;
- 6.5.5 Ikhodi lendlela yokuziphatha ewubungcweti;
- 6.5.6 Izinqubo zokulungisa izigwegwe;
- 6.5.7 Amarekhodi awubungcweti okulungisa izigwegwe, afaka amarekhodi okuthethwa kwamacala okulungisa izigwegwe kanye nezinqumo zesakhiwo zokulungisa izigwegwe ze-SACE

## 7 Izinqubo zokucela

- 7.1 Ukufinyelela kumarekhodi e-SACE kungacelwa ngoku:
    - 7.1.1 Gcwalisa amafomu abekiwe okucela aqukethwe oHlelweni lo-1 lwale manyule;
    - 7.1.2 Khokha inkokhelo ebekiwe njengoba ichaziwe oHlelweni lwe-2 lwale manyule; kanye
    - 7.1.3 Nokwethula ifomu lokucela nenkokhelo efanele ku-Ofisa yoLwazi yase-SACE.
  - 7.2 Noma ngubani ofaka isicelo ozwiswe ubuhluntu yisinqumo se-Ofisa yoLwazi ngokumnqabela ukufinyelela erekhodini angafaka isikhalaZo aphikise isinqumo ngokubhalela iKomiti lesiGungu le-SACE ezinsukwini ezingama-60 (amashumi ayisithupha) ukusukela osukwini l-ofisa yoLwazi ethethe ngalo isinqumo.
  - 7.3 Noma ngubani ofaka isicelo ozwiswe ubuhluntu yisinqumo seKomiti lesiGungu uma efaka isikhalaZo angafaka isicelo enkantolo efanele ukuze anxephezelwe ngemfanelo njengokucatshangwe esiGabeni- 78 somThetho.
- 8 **Isigaba- 15(2) isaziso sezinhlobo zamarekhodi atholakala ngokuzenzakaleloyo**
- Asikho isaziso esicatshangwe esigabeni se- 15(2) somThetho esike sashicilelwaa ngokulandela i-SACE.
- 9 **Izinsizakalo ezikhona kumalungu omphakathi**

I-SACE ibandla lomthetho lezingcweti labafundisi futhi alinikezi izinsizakalo jikelele emphakathini. Kodwa , noma yiliphi ilungu lomphakathi elikholelwa ekutheni umfundisi wephule ikhodi lokuziphatha lezingcweti angafaka isikhala zo ngaleso sehlakalo ku-Ofisa eNkulu yesiGungu ye-SACE ngokulandela izinqubo zokulungisa izigwegwe ze- SACE.

Uhlelo- 1

### IFOMU ELINQUNYELWE UKUFINYELELA KUMAREKHODI

ISICELO SOKUFINYELELA KUREKHODI SEBANDLA LOMPHAKATHI

(Isigaba- 18(1) somThetho wokuThuthukisa ukuFinyelela uLwazi, we- 2000)

(UmThetho weNombolo- 1 we- 2000)

[Umyalo we- 6]

#### IZOSETSHENZISWA YI- SACE

Inombolo yerefensi: \_\_\_\_\_

Isicelo sitholwe ngu \_\_\_\_\_ (I-ofisa yolwazi)

Ngalolu (suku) e-\_\_\_\_\_  
(indawo).

Inkokhelo yesicelo (uma ngabe ikhona): R.....

Idiphozi (uma ngabe ikhona) : R .....

Inkokhelo yokufinyelela: R .....

\_\_\_\_\_  
UKUSAYINA KWE-OFISA YOLWAZI

A. Imininingwane yebandla lomphakathi

I-Ofisa yoLwazi:

**B. Imininingwane yabantu abacela ukufinyelela kumarekhodi**

- (a) Imininingwane yabantu abacela ukufinyelela kumarekhodi kumele inikezwe ngezansi.
- (b) Ikheli kanye/noma inombolo yefeksi yaseRephabhlukini lapho okumele ulwazi luthunyelwe khona, kumele inikezwe.
- (c) Ubufakazi besikhundla sofaka isicelo akuso, uma ngabe bukhona , kumele buxhunywe.

Amagama aphelele nesibongo:

Inombolo kamazisi:

Ikheli leposi:

Inombolo yenombolo:

Inombolo yocingo: \_\_\_\_\_ Ikheli le-e-meyili:

Isikhundla sokufaka isicelo kuso , uma senzelwa omunye umuntu:

**C. Imininingwane yomuntu ofakelwa isicelo**

Lesi sigaba kumele sigcwaliswe KUPHELA uma isicelo solwazi senzelwa omunye umuntu.

#### D. Imininingwane yamarekhodi

- (a) Nikeza imininingwane ephelele yamarekhodi ocela ukufinyelela kuwo, ufaka nenombolo yereferensi uma ngabe uyayazi, ukuze irekhodi likwazi ukufunyanwa.
- (b) Uma isikhala esinikeziwe singalingene, uyacelwa ukuba uqhubek ehasini elizimele lodwa bese ulixhuma kuleli fomu. **Lona ofaka isicelo kumele asayne wonke amakhasi angeziwe.**

1. Incazelo yerekhodi noma ingxenye efanele yerekhodi:
2. Inombolo yereferensi, uma ikhona:
3. Eminye imininingwane eyengeziwe yerekhodi:

#### E. IZINKOKHELO

- (a) Isicelo sokufinyelela amarekhodi, ngaphandle kwerekhodi eliquethe ulwazi ngobuntu bakho sizowusetshenzwa emva kokuthi **inkokhelo yesicelo** isikhokhiwe.
- (b) Uzokwaziswa uma ngenani lemali okumele uyikhokhe njengenkohelo yesicelo.
- (c) Inkokhelo ekhokhelwa ukufinyelela kumarekhodi incike ohlotsheni ukufinyeleleka okudingeka ngalo kanye nasesikhathini esilingene esidingekayo ukufuna nokulungisa irekhodi.
- (d) Uma unamandla okukhishwa ekukhokhisweni noma yiyiphi inkokhelo, uyacelwa ukuba unikeze isizathu sokukhishwa.

Isizathu zokukhishwa ekukhokheni izinkokhelo:

#### F. Isimo sokufinyelela kumarekhodi

Uma uvikelwa wukukhubazeka ukufunda, ukubukela noma ukulalela amarekhodi ngesimo sokufinyelela esinikezwe ku-1 ukuya ku- 4, yisho ukukhubazeka kwakho bese uchaza ukuthi irekhodi olidingayo uzolifuna lingayiphi indlela.

<u>Ukukhubazeka:</u>	<u>Isimo irekhodi elidingeka ngaso:</u>					
Yenza uphawu <b>X</b> ebhokisini elifanele <b>AMANOTI:</b> (a) Ukuvumelana nesicelo sakho sokufinyelela ngesimo esethuliwe kuzawuncika ekutheni irekhodi elikhona likusiphi isimo. (b) Ukufinyelela ngesimo esiceliwe kungenqatshelwa ezikhathini ezithile . Uma loku kwenzeka uzokwaziswa uma ukufinyelela kuzonikezwa ngolunye uhlobo. (c) Inkokhelo ekhokhwayo ukufinyelela kurekhodi, uma ikhona, izawunqunyelwa ukuthi ukufinyelela kufuneka ngaluphi uhlobo.						
<b>1. Uma irekhodi libhaliwe noma lingesimo sokushicilelwa:</b>						
	Ikhophi lerekhodi*		Ukuhlolwa kwerekhodi			
<b>2. Uma irekhodi liqukethe okuyizithunzi okubukwayo-</b> (loku kufaka izithombe, amasilayidi, amavidyo aqoshiwe, izithunzi ezikhishwa yikhompyutha, imidwebo njill):						
Ukubuka izithunzi		Amakhophi ezithunzi*	Ukulotshwa kwezithunzi*			

**3. Uma amarekhodi aqukethe amagama arekhodiwe noma ulwazi olungakhiqizwa ngomsindo:**

	Ukulalela ithreki yomsindo(ikhasethi lokulalela)		Ukulotshwa kwethreki yomsindo* (umbhalo obhaliwe noma okhiqiziwe)
--	--	--	---

**4. Uma irekhodi likukhompyutha noma kusimo sikagesi noma sokufunda ngomshini**

	Ikhophi eliphrintiwe lerekhodi*		Ikhophi eluprintiwe lolwazi elitholakala kumarekhodi*		Ikhophi elisesimweni sokufundeka ngekhompyutha* (istifi noma ikhompekthi disk)
	Uma ucela ikhophi noma ukulotshwa kwerakhodi (ngenhla) ufisa ukuthi ikhophi noma okulotshiwe kuposelwe kuwe?			Yeb o	Cha
	<b>Imali yokuposa kumele ikhokhwe</b>				
	Qaphela ukuthi uma irekhodi lingekho ngolimi oluthandayo, ukufinyelela kunganikezwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo.				
	Ungathanda ukuthola irekhodi ngaluphi ulimi?				

**G. Isaziso ngesinqumo esiphathelene nokucela ukufinyelela**

Isaziso mayelana nesinqumo esiphathelene nesicelo sokufinyelela

Uzokwaziswa ngokubhalela ukuthi isicelo sakho sivunyiwe/ sinqatshiwe. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela ,uyacelwa ukuba wethule indlela bese unikeze neminingwane edingekayo ukuze isicelo sakho kuhanjiswane naso.

Ungafisa ukwaziswa kanjani ngesinqumo esiphathelene nesicelo sakho sokufinyelela irekhodi?

Isayinwe e \_\_\_\_\_ ngalolu suku lwe \_\_\_\_\_ ku-\_\_\_\_\_ we- 200

---

**ISIGNESHA YOFAKA ISICELO / UMUNTU  
OFAKELWA ISICELO**

**Uhlelo - 2****IZILINGANISO ZEZINKOKHELO EZIBEKIWE**

**INGXENYE YE- II YESAZISO SE-187 KUGAZETHI KAHULUMENI NGOMHLAKA - 15  
KUFEBRUWARI WE- 2002 IZINKOKHELO EZIPHATHELENE NAMABANDLA  
OMPHAKATHI**

1. Inkokhelo yekhophi lemanyule njengokucatshangwe emthethweni we-5(c) ngama-R0,60 enye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi –A4 noma ingxenye yalo.
  
2. Izinkokhelo zokukhiqiza eziphathhekayo emyalweni we-7(1) zime njengokulandelayo:

R

- |      |  |       |
|------|--|-------|
| (a)  | Kwenye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi –A4 noma ingxenye yalo.                            | 0,60  |
| (b)  | Kwenye nenyе ikhophi ephrintiwe eyikhasi eliwubukhulu obuyi –  |       |
|      | A4 noma ingxenye yalo eliphakathi kwekhompyutha noma elingendalela kagesi noma isimo esifundwa ngomshini |       |
|      |  | 0,40  |
| (c)  | Kukhophi eliyisimo esifundwa ngekhompyutha eliku:  |       |
| (i)  | diski yestifi  | 5,00  |
| (ii) | diski lekhompakthi   | 40,00 |
| (d)  | (i) Ekulotshweni kwezithunzi zokubukela,<br>kwenye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi –      |       |
|      | A4 noma ingxenye yalo.   |       |
|      |  | 22,00 |
| (e)  | (ii) Ekulotshweni kwezithunzi zokulalela   | 60,00 |
|      | (i) Ekulotshweni kwamarekhodi okulalela,<br>kwenye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi –      |       |
|      | A4 noma ingxenye yalo.   |       |

		12,00
(ii)	Ekulotshweni kwezithunzi zokulalela	17,00
3.	Inkokhelo yokucela ekhokhwa ngofake isicelo , ngaphandle kocxelayo ngokobuntu bakhe okuphathekayo emthethweni we-7(2) ngama R35,00.	
4.	Inkokhelo yokufinyelela ekhokhwa ngofake isicelo ephathekayo emthethweni we-7(3) imi ngalolu hlobo:	
		<b>R</b>
	(1) (a) Kwenye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi –A4 noma ingxenye yalo.	0,60
	(b) Kwenye nenyе ikhophi ephrintiwe eyikhasi eliwubukhulu obuyi – A4 noma ingxenye yalo eliphakathi kwekhompyutha noma elingendlela kagesi noma isimo esifundwa ngomshini	0,40
(c)	Kukhophi eliyisimo esifundwa ngekhompyutha eliku:	
	(i) diskı yestifi	5,00
	(ii) diskı lekhompakthi	40,00
(d)	(i) Ekulotshweni kwezithunzi zokubukela, kwenye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi – A4 noma ingxenye yalo.	
		22,00
	(iii) Ekulotshweni kwezithunzi zokulalela	60,00
(e)	(i) Ekulotshweni kwamarekhodi okulalela, kwenye nenyе ifothokhophi eyikhasi eliwubukhulu obuyi – A4 noma ingxenye yalo.	
		12,00
	(ii) Ekulotshweni kwezithunzi zokulalela	17,00
(f)	Ukufuna nokulungisa irekhodi ukuze likhishwe, ngama- R15,00 ngehoa ngalinye noma ngengxenye yehora , kungafakwa ihora lokuqala , elidingeka ngokufanelekile kulesi simo sokufuna nokulungiselela.	

- (2) Ngenhloso yesigaba sama- 22(2) somthetho, okulandelayo kuyaqondana:
- (a) Amahora ayisithupha njengamahora okumele adluliswe ngaphambili kokuthi idibhosilikhokhwe; kanye
  - (b) nengxenye yokuthathu yenkokhelo yokufinyelela ekhokhwa njengedibhosilngofaka isicelo.
5. Imali yoqobo yokuposa ikhokhwa uma ikhophi lerekodi kumele liposelwe ofaka isicelo.